## USARS wethule Isithangamu Samabhizinisi Amakhulu ukuqinisa ubudlelwane nokukhuthaza ukuthobela

**24 kuLwezi 2025 —** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) lwethule ngokusemthethweni Isithangamu Samabhizinisi Amakhulu (Isithangamu), esihlanganisa abanye babakhokhintela bezwe abasemqoka bemikhakha eyehlukene. Umnyango wonke Wamabhizinisi Amakhulu Nawamazwe Omhlaba (i-L&IB) ngokuhlanganyela ube negalelo elingu-R600 billion kunyakamali wezi-2024-2025. Lesi Sithangamu singesokuqala seziningi ezizobanjwa kubo bonke abakhokhintela Bamabhizinisi Amakhulu kanti futhi siyingxenye yokwelulwa ukuxoxisana ngosizo lwethu okuthuthukisiwe.

Isithangamu siyingxenye yenhlososu kaSARS yokukhuthaza ukuthobela ngokuzithandela nokuqinisa ubudlelwane nabakhokhintela bezinkampani ezinkulu eNingizimu Afrika. Ngokusungula le nkundla, uSARS uhambisana nezindlelakusebenza ezinhle, ebeka eqhulwini ukuxoxisana okusukumela phezulu nokuhlanganyela nezinkampani ezinkulu.

Indlela kaSARS igxile kungcaciso, ukuqinisekisa, kanye nokuba lula. Isikhungo sisebenza eduze namabhizinisi amakhulu ukwenza ukuthobela kuqonde, sibe silawula ubungozi futhi sibhekana nokungathobeli.

Ngokwenqubo yokuhlukanisa ngeminyango, uSARS uhlinzeka ngosizo oluhlukene nolwakhelwe abathize oluphendula kuzidingo ezehlukene zalaba bakhokhintela. Uhlelo lokuxoxisana lubuye lubheke ubungozi bokuthobela okuhlukile bomkhakha othile. Iphinde inikeze ngezinsizakalo eziphakeme ezifanayo kwezinye izinhlobo zabakhokhi bentela lapho kunezimo ezifanayo.

Kumongo wokuxoxisana kukaSARS namabhizinisi amakhulu ukusebenza ngokubambisana. USARS usebenzisana nalezi zinkampani, elandela indlela yobudlelwane, ukuqinisekisa ukuthi izintambo zokuxhumana zicacile nokuxazululwa okusheshayo kwezinkinga nge*Relationship Executive*. Ngokusungula izindlela zokuxhumana eziqagulekayo, uSARS unika amabhizinisi kulesi sikhathi esiguquka ngokushesha sedijithali ithuba lokukhuluma ngezinkinga ngokushesha nangempumelelo. Ngenxa yobunkimbinkimbi bezindaba zentela yenkampani, uSARS usebenza ngokubambisana nalezi zinkampani nabeluleki bazo bezentela ukwenza kube lula futhi kutholakale izixazululo zezinselelo eziphathelene nentela. Lokhu kusebenzisana kugxilisa ukuqonda, kwakha ukuthembana, futhi kuqinisa ubudlelwane phakathi kukaSARS, amabhizinisi, nabeluleki bawo.

UNksz Natasha Singh oyiNhloko ye-L&IB ukhulume ngonxantathu oqinisa ubudlelwano namabhizinisi amakhulu, ohlanganisa izakhamizi, amakhasimende kanye nozakwabo. Uthe "*ukuxhumana okunamandla phakathi kwalaba babambiqhaza abathathu ababalulekile konke kuhlangana, ukukhuthaza ukuthobela ngokuzithandela*

*okusiza ukwakha umbuso onekhono ukuze kuzuze izakhamizi, ube uphendula ngokushesha ezidingweni zebhizinisi futhi usekelwa ngabasebenzi abahlukahlukene nabazibandakanya*".

Lokhu kuzibophezela ekubambisaneni kushiwo ngamafuphi nguKhomishani wakwaSARS u-Edward Kieswetter, owathi: "*Ukuthobela imigomo yentela ngokweqiniso akuphoqelelwa kodwa kubhekwa ngaphakathi kokuqonda ukuthi izinsiza zezimali ezihlinzekwa yintela zenza lula ukusebenza kwezomnotho kanye nezinsizakalo zenhlalo – ikakhulukazi kulabo abasengozini kakhulu. Ukuthobela kungukuzithandela uma kutholakala ngokuthembana, ubungoti, ukuxoxisana ngokuziphatha, kanye nobambiswano lwangempela.* "

Ngokusebenzisana nabanegalelo elikhulu bethu kanye nabeluleki babo, sakha uhlelo lwentela olungagcini nje ngokuqina, kodwa futhi olunobulungiswa futhi olusabela ezidingweni zesizwe sethu". Wengeze ngokuthi le filosofi iqondisa indlela ye-SARS, ebeka ukubambisana, ukuxhumana okuvulelekile, kanye nokuhloniphana okungumongo wobudlelwano bawo namabhizinisi amakhulu kanye nabeluleki bawo.

Isithangamu Samabhizinisi Amakhulu sihlose:

- Ukwenza ukwabelana ngendlela okubonwa ngayo nezingqinamba ngezithangami ezigxile emkhakheni othile;
- Ukusiza i-LB&I ithole ukuqonda okujulile kuzingcindezi zomnotho, zokuthengisa nezomhlaba ezithinta amabhizinisi amakhulu;
- Ukuhlola ukusebebenza nempumelelo yosizo oluhlinzekwa i-LB&I;
- Ukwabelana ngezinkinga zikaSARS mayelana nobungcuphe bokuthobela, ukuhlela intela esebenza ngamandla, kanye nezinto ezenziwayo ezingemthetho;
- Ukuhlinzeka ubuholi bemibono ngemithelela engokoqobo yezinguquko zentela; kanye
- Nokuqinisa ubudlelwane phakathi kukaSARS namabhizinisi amakhulu.

*"Ngokulula, Isithangamu sakha indawo lapho uSARS kanye nabakhokhintela abahamba phambili bengaxazulula khona izinselelo ndawonye, babelane ngemibono, futhi baqhube izinto ezintsha. Lobu budlelwane buthuthukisa ubuqotho bohlelo lwethu lwentela, busekela ukukhula kwebhizinisi, futhi kunegalelo ekuzinzeni kwezimali eNingizimu Afrika ukuze kuzuze bonke ababambiqhaza*", kusho uMnu. Kieswetter.

Isithangamu sizoba nemigomo yokusebenza futhi izothatha isinqumo mayelana nobuningi bemihlangano nokuthi umsebenzi Wesithangamu uzoqhutshwa kanjani.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SarsMedia@sars.gov.za.